OKUSHA KUKA NEIL KEENAN | Ukuvukela ummbuso

http://neilkeenan.com/neil-keenan-update-revolution/

APRIL 30, 2016

Asifuni ukushintsha umhlaba.

Sifuna ukuwenza ngcono;

Uyalizwa iphunga lokuzayo, liyashesha, uma ungalizwa iphunga yimba umgodi ufake ikhanda lakho kuwo, ngoba uzoba isiphazamiso ngaphezulu. Lokhu akudingwa muntu njengamanje.

Asifuni ukushintsha izwe. Sifuna ukulilungisa.

https://youtu.be/BGLGzRXY5Bw

Izolo lokhu u Neil uveze obala udaba le NATO/US/Finns abebenza umshoshaphansi emngceleni we Russia, futhi waveza nodaba lokuthi u Obama ufuna ukuqala impi yomhlaba yesithathu. Namuhla sinalokhu:

Obama Calling For German Military Support To Fight Russia

Ngempela u Obama ufuna ukuqhubeka abuse noma ingayiphi indlela noma ingempi noma ingokuvukela ummbuso, akusho lutho kithina kuphela-nje uma esuka e White House, angakaze afanele ukuba kuyo noma ahlale kuyo kwasekuqaleni.

Kunganjani uma sonke sithi cha? Uma ucabanga bangawuzwa lommbiko? Empeleni kuyashesha kuya lapho. Abaningi bathi, “lokhu ngeke kwenzeke!” kodwa empeleni ngomzuzwana, singazibona sesiphakathi emlilweni. Kodwa ngani? Ngoba u Obama ufuna ukuqhubeka ewu President noma sesiphelile isikhathi sakhe ukuze aqedele umsebenzi wakhe wokudonsa I US eyidonsela ama Globalist e NWO.

Khumbula, uObama bamdonsa ngezintambo (uyi puppet yabo).

Yila kufanele abantu bakhuthale. Kufanele nazi ukuthi i US selokhu inamandla, kodwa izobhubha uma sikhetha umuntu ongafanele. Ngakhoke kufanele sibeke umuntu ozokwazi ukulwa nezinkinga ezimbi ezakhiwe ababekwe ngu Obama.

Kungaba ngubani lowo? uHillary?uCruz? khohlwa labo bayothatha indlela ekhethiwe ye NWO bambe umgodi bembela esasikwazi njenge USA ….. ngempela ushintsho losisiza lusibuyisele emuva ekuzibuseni, kodwa kuqala kufanele sivotele umuntu oyosisiza nongasisiza….. Umuntu onesibindi osehlule ukwesatshiswa ngokufa kaninginingi nokucindezelwa yiqembu lommbangazwe.

Yebo ukwazile ukumelana nokuphoqwa futhi waqhubeka ngokuqoqa amavoti ngaphezu kwawowonke ama Republican emlandweni wamanje (noma usazokwenza njalo) lowo ngu Donald Trump.

Noma ake ubuke lokhu kanje ungathanda ukulandela umkokotelo owu Cruz noma usozimpi owu Hillary? Bona banakho okuhle kodwa akwanele ukusisiza. Empeleni bangasigingqa esiweni uma bethola ithuba. Lesi isikhathi sokucabangisisa sibuyise izwe lethu futhi sakhe udonga. Votela u Trump!

Lesi isikhathi lapho amaGlobalist eshesha ezama ukuqhubeka aphile. Bakwenza kanjani lokhu? Bazontshontsha amaGlobal accounts.

Benzani njengamanje? Bazama ukuntshontsha amaGlobal Account. Njengamanje njengoba ngibhala lokhu, base Asia bazama ukuntshontsha imigede nezindlu zokugcina impahla zangasese. Ngesonto elizayo bathemba ukuthi bazoqeda, kodwa khumbula into eyodwa; ababona abaningi!

Lemindeni inamandla kakhulu kulezinto njengoba iphethe amaningi alama Account… lama account okukhulunywa ngawo abafaki abaningi bawo baziwa ngama Golden Dragons. Abavumelanga muntu ukukhulula izimali, ngakhoke lokhu kufanele kwaziwe njengobusela lapho inqubo yezimali yase Ntshonalanga iyona ezothwala lelicala ngoba i BIS ibhale wonke ama account ngaphansi kwabo.

Ngaphezu kwalokho yiBIS nabangani bayo abangaphansi kwenqubo yamabhange ase Ntshonalanga, i IMF, World Bank, nama Feds abacindezela ohulumeni base Mpumalanga ukuthi babanike umnotho (ongewona owabo)…
Ngisafuna ukukutshela ukuthi kusebenza kanjani nge golide. uPresident Pak waseSouth Korea ophinde aziwe njengomxhumanisi wemizamo yokuntshontsha

igolide elikhulu kunawowonke emlandweni (250 000 metric tons) futhi nalo lingelama Golden Dragons. Lemizamo yavalwa ngu Neil Keenan neqembu lakhe ngo July 2014. Ababekwenza nabasakwenza njengamanje ukuncibilikisa izibhelekexe zegolide ukuze zikwazi ukuphatheka. Bashintsha izitembu nezivalo, futhi empeleni nawowonke amaphepha becabanga ukuthi lokho kwanele ukukhulula izinto. Isicwengo segolide njengamanje sesiphinde saba matasatasa njengango 2014, basebenza kanzima ukuze izinto zilunge.

Kodwa, abazi futhi abakuqondi ukuthi babhekiwe ngeso elibanzi, nokuthi ngokushesha nje bazoboshwa beboshelwa loku kukhohlakala okusobala nobusela.

Loku futhi kuyenzeka yonke indawo yase Asia ne UN ne World Bank ne IMF,nama Feds ehla enyuka ethandazela ukugcwalisa amaphakethe awo ngezimpahla okungezona ezawo. Futhi bayaphindaphinda bezama ukugcwalisa izikhwama zempi belungiselela okungase kwaziwe njengempi enkulu. Ukuze bangene empini funeka bakukhokhele lokho. Benza konke abangakwenza ukubuyisa amandla abo akudala.

Basibulala kancane kancane ngama Chemtrails, nemijovo, ne HAARP nokunye okuningi! Konke esikuthintayo kunuka izandla zabo. Kodwa bona bathi yithina esingcolile! La sihleli nabadlwenguli bezingane batshela thina ukuthi kulungile ukudlala nezingane ngesikhathi thina sinikina amakhanda ngoba singakuthandi.

Kwake kwabakhona isikhathi lapho yayingeke iphele imizuzu eyisihlanu besho lokhu ngaphandle kokwesaba imbuyiselo yabo. Ngisho no Pope omnyama wasitshela ngesikhathi naye ebekwa amacala okudlwengula izingane. Ake ucabange ngalezizikhathi ezimbi esiphila kuzo. Qhubeka unikine ikhanda kulungile!

UM2, usongqondongqondo ohlakaniphile uthi, “kuzoba nosizo olukhulu lwezimali e Greece luhlangene nebhange elikhulu kakhulu, kodwa qagela? I Greece angeke iyithole imali!” UYanis umphathiswa wezimali osewaphuma lokhu ukubiza nge “Economic Waterboarding.”

Qagela ubani ozothola imali? Ama Jalimane nama French. Isisetshenzisiwe noma lokhu kungakenzeki ngokusemthethweni ngesikhathi ngibhala lombhalo.

Okufanele ama Greeks namanye amazwe ase Europe agxile kukho iminotho yabo njengabafaki bomcebo kuma global accounts (neFinland). Yonke I Europe yafaka kulomnotho futhi umcebo wabo ususu Europe hhayi e Asia njengoba abanye becabanga nakuba umcebo wase Asia nawo use Europe emabhange amakhulu okuthiwa awubambele abafaki.

Yebo siyazi lapho kukhona omunye. Umsebenzi okufanele wenziwe, kodwa uma usuwenziwe, asisophinde sikhathazwe isikweletu. Wonke umuntu othintekayo kufanele anyakaze enze umsebenzi wakhe ngaphambi kokuba ama Globalist acabange ukuzingela izimali zakhe agcine esezibiza ngezawo!

U M2 wami ungeluleke ngokuthi kunemali eningi kakhulu, hhayi nje ye Europe kuphela kodwa yomhlaba wonke! Uma kunjalo pho silwelani? Impendulo ilula amaGlobalist ayaqinisa ukuthi aphethe umhlaba, kanti ngeke bakwenze lokho nabantu abaningi sebephapheme. Ukwehlisa inani labantu kuyadingeka ukuze baqhubeke bephethe. Lokhu ngeke kwenzeka ngaphandle kokulwa!

Abantu ngeke besabheka le bavumele ukuphathwa abanye njengezigqila! Noma ubani owabenza abaphathi bethu wehluleka ukukhetha, uma ubheka ukuthi abakwazi ngisho ukuphatha izimpilo zabo. Zimapelupelu futhi, ngakhoke kufanele babonge amafa abawashiyelwa woyise. Babengeke bakwazi ukuziphilisa ngokwabo.

Okokugcina, ukuphendula ama e-mails: ekuqaleni izimali ezazidingeka ezazikuma bank account ami zantshontshwa. Ngesonto eledlule ngesikhathi imali entsha ithunyelwa ukungikhokhela ithunyelwa kimina, amabhange ase US akazange ayivumele, bayivala bayiphindisela emuva kobeyithumele.

Ngakhoke sengizama ukuthola enye indlela ukuvimbela lokhu. Ungakhathazeki nginomuntu ohlala engikhahlela ngemuva, lokhu kungenza ngihlale ngidla amathambo ekhanda ngiqhubekela phambili.

Nonke nginifisela okuhle. Yebo izinto ziyashesha ngihleli phansi ngilindele ukuba kwenzeke into ephathelene nezimali, ukuze mina uqobo ngizoqaqa lezinkinga zaphesheya e Asia. Lokhu ngihlala ngikusho ukuthi uma ngingavula ama account kuyoba ukuqala kwezwe elisha kithina.

Sengicela ukuhamba isikhashana. Ngiyakudinga! Kuze kube yilesosikhathi, umsebenzi, umsebenzi, umsebenzi! Akusekho ukushaya ikhwela thina size sinqobe, hhayi ama Globalist!

Siyabonga ukuthi i Asia ingakuthina. Angisho ngokwezimali njengamanje. Kodwa bangangena empini uma kudingeka besekelana neRussia, futhi sizophumelela! Njengoba uPutin esho, “Gcina izikhali zakho kodwa ungazibhalisi.”

Abahlale bengazi ukuthi ziphi njengoba nathi singazi lapho bezithumela khona ezabo izikhali, abajonge ukusibulala ngazo. Asingatetemi, asiqhubeke, “Senze kwenzeke” njengoba u Drake esho.

Video Part One

https://youtu.be/S1WoljXygMk

Video Part Two

https://youtu.be/bWRfkDAe5-0

https://youtu.be/zUQiUFZ5RDw

Neil Keenan & The Keenan Team

Copyright © 2016, GROUP K, Ltd.

GROUP K LTD, PANAMA CITY
AUDACIBUS ANNUE COEPTIS

LOCATIONS: AUSTRALASIA, BULGARIA, DOMINICAN REPUBLIC, GERMANY, INDONESIA, JAPAN, PERU SINGAPORE, SWITZERLAND, THAILAND.